# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

Intshumayelo ngomkhosi wokukhumbula ukuvuka kweNkosi, ngomhla ka 08. 04. 2012
21/2012

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele**.

1. Iculo 117/100

2. **Umkhuleko:** Nkosi Nkulunkulu Baba osezulwini ovusile iNdodana yakho ekufeni ukuze ngayo usilungiselele ukulunga kwakho! Sisize, sibambelele kuyo, sibe ngamalungu emzimbeni wayo, yona ibe yinhloko kithi. Singenise ngayo embusweni wakho wenkazimulo lapho ibusa khona nawe noMoya oNgcwele, inqobile izitha zayo zonke. Ameni.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-1 kwabaseKorinte 15:1-11;
   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMarku 16:1-8.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ..
5. Iculo -/98
6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo .
7. **Izwi lentshumayelo** ngohlelo lwesine lilotshiwe ku 1 Samuwele 2:1-10, lithi: "UHana wakhuleka wathi: Inhliziyo yami iyethaba kuJehova, uphondo lwami luphakeme kuJehova; umlomo wami ukhamisile phezu kwezitha zami, ngokuba ngenama ngensindiso yakho. Akakho ongcwele njengoJehova, ngokuba akakho noyedwa ngaphandle kwakho; futhi alikho idwala elinjengoNkulunkulu wethu. ... UJehova uyabulala, abesephilisa; uyehlisela endaweni yabafileyo, abesenyusa. UJehova uyaphofisa, abesecebisa; uyathobisa, abesephakamisa. Uyamvusa ompofu othulini, uyaphakamisa impabanga ezaleni, abahlalise nezikhulu, badle ifa lesihlalo sobukhosi, ngokuba izinsika zomhlaba zingezikaJehova; ubekile izwe phezu kwazo. Amen.

**8. Intshumayelo:** Bandla leNkosi yethu evukileyo uJesu Kristu! Izwi lentshumayelo yanamuhla liyiculo elidumisayo. Yiculo eliphathelene nempilo yakulomhlaba, neyengunaphakade, kanye nanokulahlwa kwaphakade. Nakuba lihaywa nguHana, owesimame ongadumile eBhayibhelini nanasemlandweni womhlaba, yiculo elishumayelayo njengoba liphefumulelwe nguNkulunkulu. Lilokhu lalondolozwa lize lifundwe nayithi namuhla emBhalweni oNgcwele. Masiyizwe lentshumayelo phansi kwesihloko esithi: **UJehova nguye ophilisayo.**

Singabantu sibhekana njalo nokufa kanye namathunzi akho. Siyahlushwa, siyalinyazwa emzimbeni nasemphefumulweni, siyahlekwa, sithelwa ngehlazo, abanye bayasigwema basibandlulule, nabanye banquma ukukhipha umphefumulo kithi basibulale. UHana wayeyinhlekisa nesethuko ngenxa yokuba yinyumba emzini kaElkana. Wayenomunyu nomzwangedwa ngoba kungekho ayengakwenza ukusiguqula isimo ayekuso, engafinyeleli ekumeneliseni umyeni wakhe nabasemzini. Lokhu kuyefana nasemindenini yakithi lapho omakoti belindeleke ukuthi babe yinto ethile ukuze kuthiwe bangomakoti ngempela. Abayizinyumba baphathwa kalukhuni. Kuba khona nabanumzane abeyisa amakhosikazi abo, bethi ayizehluleki ngoba 'engabanelisi enkonzweni yasekamelweni!' Hhawu bakithi, masibazwele labo abafelwa amathe ngalendlela! (Sibazwele nabesilisa nabo abahlangabezanayo nokunukubezwa okufuze lokhu - bakhona nabo!) Kuyiqiniso ukuthi nathi siyibo, okukanye, siyabazi abantu abaphila nesimo esinzima kanje.

Umlayezo esiwutholayo ngoHana ngowokuthi, yebo, isimo sibucayi, kodwa nokho, uNkulunkulu uyasibona uyasazi. Nguye ophilisayo futhi ukuwo umsebenzi wokuphilisa; singamethemba sikholwe kuye ngenxa yezethembiso zakhe kithi nokwethembeka kwakhe kubantu bakhe. NoHana wahlala wathi ne ekukholweni, ethandaza, ethembeka futhi amazisa uNkulunkulu. Nakhu simuzwa ethembisa ukunikela ngengane yakhe ethempelini likaJehova, okuyinto nangempela ayenza. Kulukhuni ukunikela ngengane oye wayilindela isikhathi eside nokungukuphela kwayo. Nokho wakwenza lokho ethemba ukuthi iNkosi ebe naye eyinyumba, imgcinele noma kanjani enye intokozo esaphila.

Nokwethu ukulinda kungaba kude, kukhona uNkulunkulu uthanda silinde sikholwa, yena uyosipha umvuzo wokukholwa kwethu oyisibusiso. Lapha emhlabeni kukhona njalo ubuphofu nokuceba, abanamandla nababuthakathaka, abalambile nabasuthayo. Ngokukholwa okunjengokukaHana singasho nathi sithi konke lokho akulwedluli usizo lukaNkulunkulu. Konke kudalwe nguye, uyakwazi ukukuguqula futhi konke ngomzuzwana njengentando yakhe.

Ukufa okwakuphambi kukaJesu empilweni yakhe yonke kwamqeda ekugcineni, walala ethuneni ngakho. Impilo yakhe yaphenduka ukufa nethunzi lakho. Nokho kwaba yizinsukwana elele ethuneni. UBaba wethu wamvusa, wayivusa iNdodana yakhe, ayangaficwa wukubola. Abanye abafileyo kubekiwe ukuthi umlilo nempethu kubacubuze baphele nya! Bayadliwa yimpethu esebenzela uSathane edla abangamkhonzanga uNkulunkulu kulomhlaba. Kodwa uJesu oyizibulo

lethu kwabavusiweyo, akafinyelelanga lapho. Wavuswa, wahlaliswa ngakwesokunene sikaBaba. Waba yinceku ngokugcwele, ngalokho noBaba wamngenisa ekuphileni okungapheliyo ngenxa yethu.

Nokwethu ukuhlupheka nokufa kungokwesikhashana, noma kusihlupha siphila ngokubekezela, kodwa akusoze kwabusa ezinhliziyweni zethu uma iNkosi isasivikele, konke izokuqeda nya. Ubunzima esizithola sikubo bulawulwa yiyo iNkosi, isingenisa kubo ngenhloso yokuvivinya nokuqinisa ukukholwa kwethu. INkosi inamandla okubuguqula ngentando yayo nangesikhathi sayo, baningi abakithi abangafakaza ngalokhu-kupheliswa kobunzima. Kukhona phakathi kwethu abathole umendo, abaqhubekile baze baphothula kwezemfundo, abathole umsebenzi, abasinde ezingozini, abamukelwe kabusha esiThebeni, njalonjalo.

NgoJesu Kristu ovukileyo ethuneni, nathi sesingabavuswayo othulini. Kade uSathane nesono kusibhuquzisa othulini okwaloya-mfana onesithuthwane (Marko 9). NgoJesu siyavuswa siphiliswe. Ubonile ubuze bethu weza kithi ngengcebo yasezulwini, eyifa lobukhosi elingukuphila naye ingunaphakade. Usilungisele ukuhlala nezikhulu zabanqobe ukufa noSathane; ngawo uMbhapathizo senziwe iBandla lakhe elingcwele. Kade sibhuquzisa singenathemba lokuphunyula esonweni, manje sigeziwe sembathiswa ingubo yokuphila semukelwe endlini yobukhosi bakhe, kungasekho ukuzenyeza nokwethuswa ngokubi. Siqinisiwe lapha sime khona ekukholweni kokuthi njengalokhu evusiwe uJesu ekufeni, nathi kanjalo sophakanyiswa, siphiwe imizimba efaneleyo yokuhlala noMnqobeli wethu phakade naphakade.

Kulapho la sombonga khona sihuba kanye nezingelosi sibabaza umsebenzi wakhe wokusekela umhlaba nezulu, nokuwulondoloza entandweni yakhe, ikakhulu kuleyo yokusindisa abantu. *"USathane nempi yakhe bangengenze lutho, ngihleka konke lokhu, ngoba kunqotshiwe. Kunani ukufa? Kungumnyango kimi engingena ngawo ekhaya lami le."* (Iculo 98:5) UJehova nguye ophilisayo. Ameni.

**9. Umkhuleko:** *Sibonga wena, Qhawe lethu, ngomsebenzi wakho, Jesu Kristu. Ake usilondoloze emseni wakho, noma sifa, singesabi, yiza usigcwalise ngokwenama. Sibeke ithemba lethu kuwe nasekuvusweni nguwe siphume ekufeni*. Ameni. (Iculo 101:8).

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

**10. Iculo:** 118/101

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2011 ngu-.M. N. Mntambo
Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.